"The City of Heritage"

ULUNDI MUNICIPALITY

UHLELO LOKULEKELELWA UKUBHALISELA UKUFUNDA ESIKHUNGWENI SEMFUNDO EPHAKEME KU-2025

UMHLONISHWA IMEYA UKHANSELA W.M NTSHANGASE

LOLU HLELO OLWABAFUNDI ABAFANELEKELA UNYAKA WOKUQALA KUPHELA.

UMasipala wasOlundi uhlinzeka ngosizo lokulelela ukubhalisa ezikhungweni zemfundo ephakeme eNingizimu Afrika kubahlali abahlala ngaphansi kukaMasipala wasOlundi futhi abafisa ukuqhubeka nezifundo zabo esikhungweni semfundo ephakeme eseNingizimu Afrika.
Abafakizicelo bazofaneleka ukuthola usizo lwezezimali ngemibandela efanelekile engezansi.

1. Imibandela Yokuklomelisa Usizo Lwezezimali

1.1 Kumele abe yisakhamuzi sikaMasipala wasOlundi. (Kudingeka ubufakazi bekheli lendawo yokuhlala.)

1.2 UMasipala uzosiza abafundi abangu-48 abenze kahle ezifundweni nabahlangabezane nezidingo ezincane zokuthi bamukelwe ezifundweni ze-degree noma i-diploma ngokulandela uMthetho wezeMfundo ePhakeme. (Lolu hlelo luzohlomulisa abafundi ababili (2) iWadi ngayinye kwabafake izicelo eziphumelele **umfana oyedwa kanye nentombazane eyodwa**).

2. Ububanzi Bosizo Lwezezimali

2.1 Usizo lwezezimali luzohlanganisa kuphela isamba esifinyelela ku-R6000 (izinkulungwane eziyisithupha zamarandi) yezindleko zokubhalisa.

2.2 I-database yabo bonke abafundi abazothola usizo izogcinwa nguMasipala.

2.3 Usizo lwezezimali lunganikezwa kuphela kulabo abafake izicelo zosizo futhi izicelo zabo zamukelwa. Noma yikuphi ukubhaliswa kwangaphambili esikhungweni semfundo ephakeme (ngaphambi kokuba isicelo sosizo sivunywe) akufaki noma iyiphi imbuyiselo umfakisicelo azizwa ukuthi unelungelo layo.

Okudingekayo Ukuze Ufake Isicelo?

- Ikhophi eqinisekisiwe yesitifiketi sikamatikuletsheni/ isitatimende sikamatikuletsheni semiphumela.
- Ikhophi eqinisekisiwe kamazisi womfakisicelo kanye nekhophi kamazisi yabazali/abanakekeli.
- Incwadi yomfakisicelo yokwamukela evela esikhungweni semfundo ephakeme.
- Isiliphu sokuhola somzali/umnakekeli, i-affidavit uma engasebenzi noma ikhophi eqinisekisiwe yesitifiketi sokushona uma eshonile.
- Incwadi ekhuthazayo evela kumfakisicelo kanye nanoma yimiphi eminye imibhalo engasiza esicelweni sakhe.

Izicelo kumele zithunyelwe ngemvilophu (noma izimvilophu) ebhalwe ukuthi **Tertiary Registration Assistance Programme 2025** futhi zilethwe ngesandla eHhovisi likaMeya kaMasipala wasOlundi ngezikhathi zokusebenza.

Amafomu okufaka izicelo ayatholakala emahhovisi kanye ne-website kaMasipala.

KUVALWA NGOMHLAKA: 17 KUMASINGANA KA-2025

UKUFAKA IZICELO SEKUVULIWE

Ngemibuzo, sicela uxhumane no Mnu CT Buthelezi (IMenenja: Ehhovisi likaMeya kanye nezokuXhumana)
ku - 071 567 3802

@UlundiMunicipa1 | ulundilocalmunicipality | @ulundilocalmunicipality

Ulundi Municipality Communication - News and Views | www.ulundi.gov.za | 087 287 0302